





Ikhompyutha ifana nengqondo

Patricia Ndlovu

Pexels; Pixabay





Ikhompyutha ifana nengqondo yomuntu.


Iqokelela ulwazi iluthathe futhi isebenze ngalo.

Iyalugcina lolu lwazi iphinde ilubuyise uma seludingeka.



Ngesikhathi ikhompuyutha isebenza ngalolu lwazi, siyaye sithi iyalucubungula.

Lolulwazi uma isilugcina, siyaye sithi ilugcina endaweni ezokwazi ukulugcina kuyo ukuze iluthole uma seludingeka.



Noma usuyicisha ikhompyutha, iyakwazi ukugcina ulwazi egumbini layo elithile ezokwazi ukuluthola kulo uma isifuna ukulusebenza. Le ndawo ibizwa nge-*hard drive*.

Le *hard drive* ivame ukutholakala ngaphakathi kuyo ikhompyutha.



Indukwana lena eyisicaba ebizwa nge-*flash drive* noma i-*flash stick* nayo igcina ulwazi njenge-*hard drive*.

I-*flash stick* isebenza ngokuxhunywa kukhompuyutha.



Sisebenzisa izinhlelo ze-*software* ukuze sisebenze ngolwazi olukukhompyutha.

Lezi zinhlelo ze-*software* yizona ezicubungula ulwazi futhi zilugcine kukhompyutha.

Kunezinhlelo ezahlukene ukwenza imisebenzi ehlukene kukhompyutha.




Izindlela zokusebenza ezisetshenziwa kumakhalekhukhwini ohlobo oluphambili nazo ziyizinhlelo ze-*software*.

Igama elifushane elisetshenziwa ukuchaza izindlela zokusebenza kuthiwa i-*app*.



Kukhona ama-*app* asetshenziswa ukudlala imidlalo kanye nezinye izinhlobo zezinto zokuzijabulisa.



Ungagcina izincwadi eziningi kukhompuyutha.

Amakhasi alezo zincwadi aphenywa ngokucindezela inkinobho noma ngokuhambisa umunwe esikrinini.



Ikhompyutha nokuxhumana kwi-inthanethi, kuyasiza kakhulu uma sitadisha.

Ungasebenzisa i-inthanethi ukuxhumana nothisha, ulalele futhi ubuke uma befundisa izifundo ezahlukene.



I-inthanethi ingaphinde ibe nobungozi.

Kufanele ucele umuntu omdala omethembayo ukuthi akusize uma usebenzisa i-inthanethi noma ungena kumawebhusayithi amasha.

—Imibuzo

1. Kuyini ukucubungula?
2. Ikhompyutha ilugcina kuphi ulwazi?
3. Nikeza isibonelo sedivayisi egcina izinto.
4. Izinhlelo ze-*software* zisisiza kanjani?
5. Kungani sidinga i-inthanethi lapho sisebenza kukhompyutha?
6. Chaza ukuthi kungani ikhompyutha ifana nobuchopho.
7. Thola mayelana nama-*app* amabili ongawasebenzisa ukuze uthuthuke ezifundweni zakho.
8. Yenziwe ngani iwebhusayithi?

Le ncwadi ingenye yezincwadi ezine
eziwuchungechunge ezabhalwa
ngenhloso yokweseka ukufunda
ngobuchwepheshe bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda
zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu
ezabhalwa ngonyaka wezi-2021.



Ulwazi Lwethu is a Zenex Foundation funded and initiated project to develop a series of graded and leisure African language readers and teacher support materials. This project is targeted at teaching and supporting learners in the Foundation Phase to improve their home language reading and understanding. The readers have been originated in nine African languages in collaboration with Molteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, and Saide. All resources are developed as Open Education Resources (OER).



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

The Ulwazi Lwethu readers and storybooks have been quality assured and approved by DBE.

Your attribution should include the following:

Title: Ikhompyutha ifana nengqondo

Author/s: Patricia Ndlovu

Illustrator/s: Pexels; Pixabay

Assurer/s: Zanele Zuma

Language: isiZulu



© Zenex Foundation - Saide 2025 (Updated Edition)

CC BY includes the following elements:

BY  – Credit must be given to the creator

